# USARS uyaxolisa kubakhokhintela

**Tshwane, 25 kuMfumfu 2023** – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), luzimisele ukuhlala njalo lunika ingcaciso futhi lukhumbuze abakhokhintela ngezibophizelo zabo ngokomthetho, kanjalo nemiphumela engaba khona uma bengathobeli. Ngale komyalelo wakwaSARS ngokomthetho wokuthatha izinyathelo ezithile kubakhokhintela abahlulekayo ukuthobela, luvamise ukulindeleka ukuba kuqala lukhumbuze, luphinde lunike abakhokhintela ithuba lokuthobela, ngaphambi kokuba uSARS uqale ngokulandela umthetho lapho umkhokhintela engathobelanga khona imigomo yentela. Umyalezo we-SMS owathunyelwa ekuqaleni kwaleli sonto, mayelana namafomu okubuyisa intela asilele, azange ukhombise izinga elifanele lokusebenza leli esihlose ukuligcina liphezulu. Ngakho-ke, uSARS uyaxolisa kakhulu ngendlela lokhu okwaphatheka ngayo, nokukhathazeka okukubangile kubakhokhintela abathembekile, kanye nokuphazamiseka okube khona.

Umyalezo wawuhlose ukuba usizo ekukhumbuzeni abakhokhintela ukuba bathumele amafomu okubuyisa intela kanye nokugcina izibophezelo zabo zokuthumela amafomu okubuyisa intela. Abakhokhintela abaningi bathembekile futhi bayakuthokozela lokhu kukhunjuzwa. Abakhokhintela abathembekile akumele bathuswe uSARS kodwa, ngebhadi, indlela umyalezo owabekeka ngayo wenza bazizwe kanjalo. Ngeshwa umyalezo ubukhuluma ngokushushiswa kwabakhokhintela lapho behluleka ukubuyisa amafomu abo entela okungumthwalo wabo ukuba bakwenze. Yize uSARS unikwa amandla umthetho ukukhumbuza bonke abakhokhintela ababhalisile kwaSARS ngezibophezelo zabo zokubuyisa amafomu abo entela ngezinsuku ezifanele, uSARS awuqali uthathe izinyathelo zomthetho ungakakhulumisani nabakhokhintela.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi inkampani kulindeleke ukuba ihlangabezane nale mibandela elandelayo:

(i) yenze imalingeniso ephelele engaphezulu kuka-R 1 000;

(ii) inempahla engaba nenani elingu-R 1 000 noma inezikweletusibopho ezingaphezulu kuka-R 1 000, nanoma yisiphi isikhathi;

(iii) yenze inzuzomali noma ilahlekelwe inzuzo okungaphezulu kuka-R 1 000 lapho kade kuchithwa impahla lapho okusebenza khona i-Eighth Schedule of the Income Tax Act; kanye noma

(iv) ibe nemalingeniso etheliswayo, inzuzomali etheliswayo, ukulahlekelwa okuhloliwe noma ukulahleka kwenzuzomali okuhloliwe.

Abakhokhintela abahlangabezana nemibandela engenhla kumele bathumele amafomu abo entela. Ngebhadi, imiyalezo okukhumbuza ngalokhu abanye abakhokhintela abayishayindiva, okusho ukuthi isimo sabo siyanyuka size sifike ezigabeni lapho kumele bathathelwe izinyathelo zomthetho. Nalapho, bayakhunjuzwa ngezibophezelo zabo zokuthumela amafomu entela asilele.

Okwamanje uSARS usuyimisile imiyalezo i-SMS. Ngalokhu, uSARS ufisa ukukhumbuza abakhokhintela ukuthi kulokhu kuyisibophezelo ngokomthetho ukuqinisekisa ukuthi izindaba zabo zentela ziyabhekwa, lapho izindaba zabo zentela zingahambi ngendlela. USARS uzoxoxisana nabakhokhintela mayelana namafomu entela asilele ngesikhathi esifanele.

Kumele sikucacise ukuthi abakhokhintela abaqhubekayo nokungashayindiva imiyalezo yokubakhumbuza futhi behluleka ukulungisa izindaba zabo zentela, ngokuhambisana nomthetho, ekugcineni bazoziphendulela nokuqhubeka kwabo nokungathobeli.

Okokugcina, uSARS uyayibona imizamo yabakhokhintela abathembekile abaqhubekayo nokuthobela kanye nokugcina izibophezelo zabo. Siyalazisa kakhulu igalelo lenu emsebenzini obalulekile esibekelwe wona.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za